''Siqhubeke-ke, sihambe sixoxa. Laba abasemotweni babuye bakhulume isiNgisi. Kuthi lapho sebekhuluma isiBhunu ngingabe ngisezwa. Kwesinye isikhathi bakhulume isiSuthu.

''Abuye abuze lona ozimukile ukuthi ngiya kwabani eBenoni. Ngimtshele ngithi ngiya kwadadewabomame, uJabulile. Abuze ukuthi wendele kwabani, ngimtshele. Angaze amazisisa kahle, kodwa athi uyamuzwa ngendaba. Athi ukhona elokishini. Nginele ngikuzwe lokhu ngijabule ngife, sengibona ukuthi kanti ngingeke ngilahleke.

''Kuthi ntambama siye singene eBenoni. Sithubeleze sithubeleze ngemotokali siye sime phambi kwendlu efana neyomlungu, ngaphakathi kukhala amagilamafoni. Behlike bonke lapha emotokalini. Nami ngithi ngiyehlika, lona ozimukile akhuze athi: 'Cha, hlala wena. Umshayeli uzokusa kwa-Anti wakho.' Ngikhohlwe ukuthi ngizombonga ngithini. Nokho ngikhethe amazwi ambalwa ahloniphayo esiZulu, ngibonge ngawo. Yena aphendule ngokuthi: 'Mntanami lapha emhlabeni kuyasizwana. Sengathi ungahamba kahle ubathole kahle abakini. Kepha ngobuhle bakho, awu kuyazalwa eButhunqe!''

''Ngizwe ngifikelwa ngamahloni ukuba abe elokhu engibabaze kangaka. Nasendleleni wayeyaye ahlale ahlale ngimuzwe esephahluka nje.''

Idonse itshali intombi kaMemunce bese ithi: ''Kanti naseGoli bakhona abantu basemakhaya? Thina lapha sazi kuphela izigebengu nalabo abadayisa ugologo, bese sithi wonke umuntu waseGoli unjalo.''

''Behluke kabi kubantu balapha mama. Uma usafika phakathi kwabo impela uyaxakeka. Kodwa umusa wabo uyinqaba. Futhi kabasizo iziphoxo lezi zakuleli lakithi thina esikhuluma isiZulu. Lapha kithi uyaye uthi ungumuntu



wesifazane uzihambela njena bathi uma bedlula abesilisa ubezwe bekhuzela besho zonke izinto okungafanele ukuba zishiwo ngumuntu ozihloniphayo. Akukho konke lokho eGoli.''

''Ngabantu labo.''

''Futhi nezigebengu lezi ezishiwoyo zizhambela ezindaweni zazo. Iningi labantu bakhona ngabantu njena abalungile.''

''Akhona amasonto khona?''

''Agcwele; makhulu kunalawa awakithi. Futhi agcwala masonto onke.''

''Yinto ensha leyo Bajwayele. Pho laba abakhuluma ngabafazi abathengisa ugologo?''

''Phela bakhuluma nabo ngezindawo abazihambayo, othi uma ususeGoli umangale ukuthi baze bawubangeleni umsindo ngalezizindawo, ngoba kazilona iGoli.''

''Shono ukuthi nenzenjani nemoto.''

''Uthe ukuba akhulume amazwana ambalwa lona ozimukile nomshayeli yase isuka imotokali. Ithi ukuhamba-hamba bese ima, angehlise umshayeli, esengivulele umnyango, wangikhombisa isango. Ngabonga, ngangena. Igwebu, lokuthukuthelela uZulumacansi lase lehlile. Libohla nje sengikhumbule ukuthi ngisesilungwini manje, kangikho kwelakithi eButhunqe lapho ngingamane ngithi ngiyindodakazi kaManamuza kaNomadinane, kuvuleke yonke iminyango.

''Nginele ngingene esangweni lakhona bese ngibanga emnyango. Lapho uvalo seluthi kalungiqede ngoba noAnti Jabulile lowo angimazisisi kahle. Ngangimgcine

ngiseyingane. Ngithi ukushaya kancane emnyango. Kuqale kuthi nya. Ngiphinde ngishaye; kuthi nya, nya, kuthi ngelikade uvuleke umnyango. Kuqhamuke inkosikazi ezimuke songathi angizange ngike ngimbone umuntu omkhulu kangakaya.

''Ifake amagilazi emehlweni. Nakuba ehlotshiswe kanjena amehlo ayo, esabeka isimanga. Uvalo lapho seludlala ngami. Nayo kube songathi iyabona ukuthi ngingumuntu wasemakhaya. Izibuthe ngamandla izinhlonzi. Ngizwe lapha emlonyeni ulimi kube songathi luyashwabana. Ngiluyaluzise ngithi ngikhipha inkwantshu ekulo. Kube songathi ngilubophe ifindo. Ngithi lapho ngithi ngifuna ukulusombulula, ngizwe sengathi lufuna ukugqashuka. Ingibuke phansi ingibuke phezulu lenkosikazi ngize ngisho ngenhliziyo ngithi ubulima bodwa-ke lobu engibuthengile. Kuthi ngelikade lusombuluke ulimi. Isathule nje iyangibuka. Ngisho ngezwana lomntwana olunge kabi ngithi: 'Sawubona mame.' Iqale ingibuke nje lenkosikazi. Kuthi angithathe ngejubane ngiye esangweni. Kepha ngithi khona lapho ngibaleka, ngiyoye ngifikephi? Kuthi ngelikade iqale ngokuqudula umlomo, bese ithi: 'Yebo.'

'' 'Cha, mame, ngifuna umuzi wakwaMayoco, lapho kwendele khona uMaMzobe intombi kaMemunce wase-Buthunqe eNatali.'

''Kube sengigadlile esalukazini. Sizibuthe izinhlonzi kuze konke kuhlangane nemibimbi. Umlomo siwuqudule ngamandla; manje singibuke ngamehlo uqobo, ngaphezu kwamagilazi. Ngiswele umgodi engingangena kuwo, lokhu sisalokhu simi nje siyangibuka. Ngiqinisele singibuka singakhulumi ngize nami ngiqale ukuyizwa lento eyaye itatazelise ubaba inxa ebona uZulumacansi. Ngizwe sesonakala isisu. Singibuke nje isalukazi lesi. Ngizwe kuxega amadolo; ngingenelwe luvalo lobungane, kuthi angikhwelele izinzipho ngamazinyo manje.''



''Wake wabona lukhulu mntanami.''

''Kuthi ngelikade sisho ngezwi elithi kalihoshoze, elinenkani sithi: 'U-ba-ni?' Lapho kwasongathi ngikhuzwa yinhlwathi. Kwagijima izithukuthuku ezibandayo ekhaleni. Manje ngifise ukuba singixoshe. Ngibuye ngilindele nempama, ngesabe nokuthi hleze kube ngingene ngendlela okungesiyo. Ngikhumbule zonke izinto ezazishiwo nguDumezweni ngabantu baseGoli. Ngithi ngithi ngizama ukumphendula ngizwe ulimi selusangene kabusha, ngilulwe ngilulwe kuze kuphume izinhlamvana zibembili vo, ngithi 'Anti Jabulile.'

''Sithi dlengelele, sizelule, bese sisondela kimi. Ngithi ngiyaqinisela kwale kimina, ngihlehle. Sime, bese sibeka izandla eqolo sithi: 'Mamo, uhlehla uba wazi ukuthi ngidla abantu yini?' Ngisho nami lapho ngithi ngazilaya mina kababa. Sime singibukisisa, nami sengizizwa ngimncane ngingangetshwele lenkuku. Athi lapho esengibuke waze wazanelisa abese ebuza ethi: 'Uphumaphi wena? Ungubani?'

'' 'NginguBajwayele, kaManamuza kaNomadinane. Ngizalwa nguSalomi kaMemunce wakwaMzobe eButhunqe.'

''Agxume lona wesimame aphonseke kimina. Ngithathe ngejubane ngiya esangweni—ngoba bheka, bayahlupheka abantu bakwaZulu uma beqala ukuya eGoli. Angigijimanga kwakuyaphi ngoba ngezwa khona lapho kuphela amandla, kwakhala izinsimbi eziningi ekhanda. Okulandela lapho angikukhumbuli. Ngathi ngiphaphama ngase ngisendlini, engigonile yena lona wesimame, esengiqabule bonke ubuso.''

Aphefumulele phezulu unina abese ethi: ''UJabulile, umntakababa!''

''Athi lapho ebona ukuthi sengiqabukile abese ethi: 'Hhawu, mntakaSalomi! Kodwa ubekwa yini lapha? USalomi usafuza umkhwenyana. Kabasasho noma uza? Ngiyakubona yini mntanami, lokhu ngakugcina usemncane? Ngikubuka nje enye inhliziyo ithi lokhu lomntwana unensosha yakithi nje, konje ngabe uvelaphi? Enye ithi hleze kube luhlanya lwalapha elokishini. Kukwenu lapha Bajwayele mntanami. Bengingeke ngisakubona mntanami. Hhawu, wakhula nabo ubuhle bakho!'

''Akhulume elula, abuye akhale, esule nezinyembezi ngingaze ngasithola isikhathi sokuba ngiyiphendule yonke imibuzo yakhe. Laph'endlini sekugcwele wonke umndeni wakwakhe. Izintombi zakwakhe zimhlophe zithe qwa, ungala uthi amaBholomane, kanti uZulu uqobo lwakhe. Zifunze uyise ngokukhanya. Izinsizwa zakhe zithula uma zihleli uze uthi ngabefundisi. Ngabantu abanomusa labaya bakwa-Anti Jabulile.

''Bangenzele amanzi, ngihlambe, ngibuye umzimba sewethukile, bangihlalise etafuleni likanokusho, sidle. Babuze izindaba zasemakhaya, ngibatshele. Abone kodwa uAnti lona emdala ukuthi kukhona engikucwecwayo emazwini ami, ngakho angaze axina kakhulu ngokubuza ngomkhwenyana. Kuthi kungadliwa uhlakazeke umuzi. Umnumzane athathe izingane azikhweze emotweni, bahambe. Sisale sobabili noAnti.

''Angihlalele phansi-ke manje engibuza ukuthi ngempela kwenzenjani kangaka ekhaya. Ngimtshele konke, njengoba nawe mama wazi. Ngithi ngiqeda abe engithela ngezishisayo izinyembezi: 'Hhawu, mntanami, umkhwenyana usahleli kobungako ubumnyama? Usancama ukulahla umntanakhe kobukhulu ubumnyama ngoba efuna izinkomo? Wake wasilaya nalowomuntu owathi akulotsholwe. Abantabethu sebaphenduka baba



yizinto zokudayisa, kufunwe ngabo izinkomo. Wenze kahle mntanami ukuba uthi nxa ubaleka ufune abakini. Uyihlo uzoyilungisa kahle yonke indaba yakho.' Angiphelekezele angingenise ekamelweni engizolala kulo, angihlalise ngize ngozele angishiye.''

Aphinde futhi unina kaBajwayele aphefumulele phezulu abese ethi: ''UJabulile, umntakababa, Nkosi yami . . .'' Zithi mu izinyembezi. Azesule ngechopho letshali.

''Ngahlala lapha kwa-Anti isikhathi eside. Wanginika imali, wangisa ezitolo, sathenga izingubo zami ezinsha kwaba njeya. Nami ngathi uma ngiphuma kwabonakala ukuthi yaphuma intombi kaManamuza kaNomadinane waseButhunqe. Izingane zakhe zinomusa kabi. Zingithathe zihambe nami. Kuthi ngoba esiNgisini ngiyafinyelela, zingaze zangexwaya. Kuthi ngamasonto kushayelwe imoto siye ezihlotsheni kuwo onke amagumbi eGoli. Pho lingakanani! Ngazihamba zonke izihlobo zakho nezikababa, iningi lazo ngingazange kengizizwe nangegama.

''Ubaba-ke ungifica ngihambe noAnti siye kwamzawakho uTholiwe ohlala esitezi sakhe luqobo. Akashadile lomzawakho. Unemotokali yakhe nomshayeli wayo. Mhla kufika ubaba kwakugcwele nabahlobo bakhe. Ngempela ufika nje ubaba sekulungiselwa ukuba sehle noAnti nomyeni wakhe size laph'ekhaya ukuzokhuluma indaba kaZulumacansi nami.

''Ubaba-ke—namanje,'' asho ehleka, ''ubaba uke angehlule nje. Uyazi ukuthi wangena egijima endlini? Angisakhumbuli nohlamvana lwesiNgisi alusho uma engena, ngoba phela uma esethukuthele ubhobokela esiNgisini. Ah, sengikhumbule, wathi gulukudu emnyango wathi: 'At-iss!' Sathula sonke sambuka nje. Ungena ngiphethe inkomishana yetiye efayo. Ungena lapho ngithi ngiyamlingisa, uma ekhophozelela uZulumacansi. Ngathi

nje lapho ngithi ngiyam lingisa wase engaphakathi ubaba, akaze akhuluma weza kimi, wafike wangithi xha ngengalo, wabe ubanga emnyango nami njalo, kudekude esiteshini, engazange angiyeke, waze wangiyeka ngoba sesisukile isitimela.''

''Wake wabona lukhulu mntanami.''

''Bheka-ke sisuka eGoli singazange sikhulumisane size sizofika lapha eButhunqe. Futhi ukuba kasibonanga umuntu owayemi endleleni ebusuku ngabe saze safika laph'ekhaya singazange sithi nda sobalili.''

''Akunani mntanami. Sengibonga ngoba usuze wabuya. Kepha uzobuyela kulesisilima esinguZulumacansi? Kasizwa ngakutshelwa ngawe. Ungala uthi kukhona okusangene ekhanda kuye. Usefana nohlanya nje.''

"Ngiyamzwela uZulumacansi. Ukube ngomunye umuntu angabe usengikhohlwa nje. Ngokuya eGoli ngangithi uzocasukwa, ngoba unobuqha, angikhohlwe. Impela ngiyamdabukela. Okungcono ngizohamba ngiyosebenza ukuze ubaba abuyise izinkomo zakhe.''

''Wawukhonzelwa endulo, hhayi namhlanje.''



## ISAHLUKO XIII.

Kwabe akezwile uZulumacansi ukuthi ubuyile eBenoni uBajwayele. Wasuka phansi walungiselela ukuba alilande leligugu lakhe, lize emzini wakhe. Ngalezizinsuku-ke kukhona ekhaya udadewabo, uQimbile, oganele kwaMasovenyeza. Kuthi kusihlwa, mhla ezwa ukuthi ubuyile umkakhe, uQimbile ungenisa ifutho endlini lapho kukhona uZulumacansi. Ungena uQimbile umfica umfowabo esese, usethi:

''Kunjani mntakababa namuhla?''

''Akufani nayizolo.''

''Kunjalo Bhekokwakhe. Simlanda nini umakoti?''

''Thula nje wena; uyobona ngami.''

''Kodwa-ke mfowethu, mina nginguwena bese ngizoyiyeka lentombi kaManamuza, iziphoxe kabi ngokubaleka namasampula iye edolobheni. Umuntu onesimilo ubengeke akwenze lokho. Ziningi izintombi mntakababa; nawe uyinsizwa yakwethu nje. Uphume sibone ukuthi yaphuma eyazalwa ubaba manje.''

''Kulukhuni. UBajwayele ngiyamthanda phezu kwakho konke akwenzile. Futhi mina ngikholwa ukuthi akuyena owenza konke lokhu. Wenziwa yimithi kaPotolozi.''

''Uyabona-ke, uma usabambelele kulobobumpumputhe mfowethu, awuyi ndawo.''

''Konje usungumlungu? UMasovenyeza kwathi ukuba awe embhedeni ebusuku, wase ethi yibani abelungu? Thina-ke sisanamathele kwawomdabu amasiko. Nina enifuna ukuba ngabelungu hambani niye lapho nithanda ukuya

khona. Thina sizohlala singuZulu nje ngoba kuhle khona lokho."

"Musa ukukhuluma into ephambene nokwenza. Ukuba likholwa akusho ukuthi umuntu usefuna ukuba ngumlungu."

"Hlalani ekukhanyeni kwenu, nathi sihlale ebumnyameni bethu."

"Usho ukuthi umuntu manje akasezukuzicabangela; usezothi noma enza into embi kuthiwe uphonsiwe? Pho, nezigebengu nithi kazizukusizakala? Zizosuke zigange bese zithi beziphonsiwe?"

"Lalela uma ngikutshela ngithi bamphonsile uBajwayele. Nezinyanga zokumelapha sengizitholile. Uzobona into yamehlo wena. Akasayi ndawo."

"Kuhle phela inxa umthanda umkakho. Kepha izindlela zakhe kazingincibilikisi."

"Yekela mina. Ngizokulungisa konke." Abone uQimbile ukuthi kayingangaye, aphume. Ngalobobusuku angaze alala uZulumacansi. Athi usithi hlwathi isithongwana, aphuphe esebona uBajwayele, ethuke avuke. Athi lapho ebona ukuthi bekuliphupho nje, athukuthele ngamandla. Kwesinye isikhathi afikelwe yilokhu ukuthukuthela okuthi akumkhalise umuntu. Abasathe uyalala uZulumacansi kube yisona leso. Amxine amaphupho kuze kuthi phakathi kwamabili avuke, anikele emigodleni yakhe yemithi. Azethule zonke izikhwama zize zibe yinqwaba phansi. Ayikhethe kahle imithi ayithake abese elanda izinkuni phandle, nodengezi. Abase elikhulu iwobhu lomlilo, abeke udengezi kulo, asike kulenyamazane, ancinze kulensizi, nakuleya, akugaye konke, akuphonse odengezini. Lokhu selumhlophe ukushisa, kusuke esesabekayo isisi endlini,



ancinde masinya; uncinda uyakhwifa uthi: "Nango mina, nango wena weManamuza, mpunganandini! Phindela lapho uvela ngakhona mhlola wephupho!" Ukhwifa njalo ubheke ngakwaManamuza.

Ancinde ekhwifa aze aqede. Alususe udengezi aye alwenqikise ngodonga lwendlu. Lisalokhu libaselwe iwobhu lomlilo. Adumele izinsimbi ezinde ezicijile zibe ntathu azifake emlilweni. Zithi zifudumala abe ephehla umuthi okhambeni, uwuphehla uyamoyizela, uyawubongela, azesule ngawo wonke umzimba. Athi lapho eseqedile aye ezinsimbini esezimhlophe ukushisa. Naye usejuluke usemanzi te ukushisa. Ayihoshe eyokuqala abese eyifaka ophondweni olude lwenyamazane, olunomuthi phakathi. Kushunqe intuthu enephunga elibabayo, abese eyikhipha, alujike phansi uphondo qede acibe ngensimbi, esikaza emoyeni eyibhekise ngakwaManamuza, ethi: "Mi! Manamuza! Mi! Mhlolandini! Ngakugwaza Manamuza! Mi!" Ithi lapho isiqala ukuba bomvu insimbi, aphumele phandle nayo, athathele ngelikhulu ijubane ubuso bubheke kwaManamuza, kuye kuthi lapho kuphela khona ibala ayijikijele emoyeni, eme eyibuka indiza ibomvu ebumnyameni, iye iwele kude. Abuye eze endlini.

Uyangena endlini uhosha enye, uphinda sona leso sakuqala, manje usebiza igama lentombi kaMemunce; nakuyo asho lokho abe ekusho ngoManamuza. Uyaqeda lapho uthathela ngejubane uya phandle, ufika uyayijikijela ebumnyameni insimbi ecijiswe okomkhonto uyibhekisa ngakwaManamuza. Afike ayijukujele ekhuluma eyedwa ethi: "Ngadla mina kababa ngingasaqali!"

Eyesithathu uyifica isishisa kayisathinteki ngesandla. Anele ayishutheke ophondweni kusuke ilangabi. Ajabule ancincize, alujike phansi uphondo, kuthi noma kuhashuka isithupha angaze anaka.

''Mina mntanethu! Mina Bajwayele! Kawuthambi unani? Nakhu lapho sengikhona!'' Konke lokhu ukusho njalo uyaciba. Abuye eme athi khemelele, songathi uyangabaza ukuthi lokhu akwenzayo hleze kungamthambisi ngempela Ubajwayele. Bese kulokhu kufika izwi likadadewabo, othe ayisho lutho nemithana yakhe. Abuye awukhiphe lomcabango emqondweni, aqhubeke acibe ize ibe bomvu manje insimbi. Uciba nje akasasho lutho ngomlomo. Abange emnyango. Uyafika phandle uthathela ngejubane songathi uyahlanya, lokhu uhamba ngezinyawo. Agijime aze adlule lapho bekufanele ukuba eme khona ekupheleni kwebala. Aze athuke ngoba sekuhlaba ezinyaweni, lokhu lameva okuthiwa unkunzana enabile laphaya lapho kuphela khona ibala. Abese ema, ayiphonse insimbi emoyeni, ayibuke indiza, lokhu isebomvu, asho athi: ''Sengifikile Bajwayele! Vuma engikushoyo kuwe. Woza ekhaya.''

Inele iwele phansi insimbi aphendukele ezinyaweni, avuthuze lokhu okungameva osekumqaqele. Angene endlini ahabule kakhulu umuthi akade ewuphehla abese ephuma ayophalaza. Abuye ageze ngawo.

Uthi-ke uma esekuqede konke lokhu, wazesula wamuhle, udumela isicephu asendlale kahle phambi kwezimbiza ezilaphaya emsamo ezihlala amanzi amhlophe. Uhlala phezu kwaso ngendlela yokuhlonipha yesiZulu abese ekhuluma nabakubo abaphansi athi: ''Ake nisho-ke baba, Bhekokwakhe, nani nonke bozalo lukaDungizwe kaNsumpa kaJolope kaSikhwayikhwayi, kanti ngiyoze ngenzenjani ningithambisele inhliziyo kaBajwayele? Ngikhuluma nani boSocuku, nani boZikhinkili nani boNkilinkili. Kanti nifuna ngenzeni manje ukuthambisa uBajwayele ngoba konke kuyehluleka? Kanti kanimfuni yini nina azonakhela umuzi? Shonini ngoba mina ngiyamthanda. Sekucishe kwaphela isibaya, ngihlaba. Ngeyenu lempahla ephelayo, ngithi ngiyanithokozisa.



Kepha amakhosi akoDungizwe onke angifulathele. Ngenzeni kangaka?''

Ezwe engenelwa lusizi, abese ethula ebheka phansi athobe ikhanda isikhathi eside. Ufike ngamandla umunyu, ezwe kuqathaka izinyembezi zothando olwenqatshwayo, ziqathake ziphangelana izinyembezi, kuze kuthi akakhale kakhulu abhongoze. Azibambe kodwa. Kuthi ngelikade zinqamuke. Esule ubuso, ezwe esefikelwa yisibindi, asukume, alugoqe ucansana abehleli kulo. Ezwe umzimba usuqinile; esenawo amandla okubhekana noBajwayele. Ahambe ayolala.

Anele azishaye phansi, bufike ubuthongo, azumeke. Khona lapho aphuphe sekufika ukhokho wakhe uDungizwe luqobo, ongaziwa muntu athi: ''Vuka kusasa uhambise izinkomo zikaManamuza ezasalela. Ungazilandi futhi lezizinkomo noma sekwenzenjani!''

Linele ledlule leliphupho ethuke uZulumacansi. Aqhaqhazele ethi uzama ukulihumusha ukuthi lisho ukuthini, angaze ashesha ukulibona ukuthi lithini. Athi lokhu ubekhuluma nokhokho wakhe nje, pho uDungizwe ubesho ukuthini uma ethi zingalandwa lezizinkomo noma sekunjani? Kumhluphe lokhu bungabe busavuma ukubuya ubuthongo. Asale esehlala, elindela ukuba kuse.

Kwazi yena ukuthi kusile, wanikela exhibeni, wafike watshela unina nodadewabo yonke lento ayiphuphile. Wathula nje uQimbile. Isalukazi sathi: ''Yenza lokho otshelwe khona mntanami, noma singazi noma usayobuya yini umakoti.''

Wanikela esibayeni uZulumacansi, washaya ezazisilele, waziqhuba wazisa kwaManamuza. Aziqhube aze ayoqhamuka kwaManamuza; uqhamuka lapho inhlamvu yelanga ithi chaphasha empumalanga. Umoya wasekuseni

usaphole kahle, wethusa umzimba. Kuthi ingani ubese ehlala ewuzwa umzimba undikindiki, namuhla awuzwe uphapheme; azizwe emusha. Nemisebenzi yakhe yasebusuku ezwe ukuthi imqinise idolo.

Lithi lapho liqala imisebe ukuyenabisela emabaleni kwaManamuza ilanga, kuzwakale yena uBajwayele luqobo ethi: "Hhawu, wemama! Uyazibona leziyantuli eziza ngendlela? Yini?"

"Zinkomo zasemapulazini!"

Bazithi nhla bese bebuya bengena endlini. UManamuzake umi laphaya enhla nesibaya, uzigoqe ngengubo yakhe yesilo, ushunqisa ipipi emlonyeni, amehlo uwasusa ezinkomeni, awaphonse emzini wakhe, awedlulise lapho awabhekise emasimini. Azibone lezizinkomo. Kusheshe kufike emqondweni kuye ukuthi hleze kube nguZulumacansi lona oza nezinkomo, eselande umfazi wakhe. Athi ukumoyizela akhulume yedwa athi: "Yiyo lento ebengilokhu ngiyilindele."

Eze lona oqhuba izinkomo, aphambuke endleleni engumendo, angene lena eza kwaManamuza. Angabe esangabaza uManamuza ukuthi nguZulumacansi. Lumqale uvalo. Ezwe isisu esidala simsuka. Akhumbule ngalapho kukhona intombi kaMemunce. Uyafika kuyona uyayihlebezela uthi: "Wenina kaDumezweni, nango phela umkhwenyana wakwakho."

"Hhayi, ngiyeke mina. Kanginandaba namkhwenyana. Uze kuwena," kusho intombi kaMemunce.

"Musa ukukhuluma kanjalo, mntakaMemunce. Ngiyagula. Izolo lapha ngincame ngaleyanhlesana ongikhamele yona, kwathi ngoba ibisihluthukile, sathi kasingibulale isilungulela. Kangizange ngilale. Ngivuka nje,



ikhanda selithi kalingithathe, kanti nesisu selokhu ngabuya eGoli kasizange singiyeka. Umuntu akazi nokuthi wadlani ebabayo koManephu, lokhu phela base beyindlu yombango, bethi bephucwa izikhundla. Ngimi laphaya nje, ngithi ngifuna ukushaywa ngumoya. Nakhu sengibona lesisiphoxo siza nezinkomo. Khuluma naso wena; mina ngigula kabi."

"Ukufa kwezwe yini lokho?"

"Konje unjalo wena. Umuntu uthi ekhuluma kahle nawe ebese usuka usubhabhama."

"Ngikhuluma nendoda ngezindaba zezinkomo? Ungihlolela mhlola muni yise kaDumezweni? Ingani ngangisho ngithi uyongikhumbula yise kaDumezweni lapha ushaya indali ngomntanami? Namuhla sekubuhlungu ukuhamba emeveni owatshale wena? Mina angaphindela nazo emuva khona manje uZulumacansi!"

Leli limethuse kakhulu uManamuza, abese equnga isibindi athi: "Cha phela, akuxatshenwe. Nawe woza nje uzolalela." Athi engakaligwinyi leli, abese ekhulekile esangweni uZulumacansi.

"E! Baba! Nibakhulu nina bakoNomadinane!"

Kusuke intombi kaMemunce, esathule ecabanga uManamuza ithi: "Hho, silwane sini lesi esikhulekayo namuhla emzini wami?" Sikhuluma kakhulu nje isalukazi, kasinakile. Akuzwe konke uZulumacansi. Luthi noma lumshaya uvalo aqinisele ngoba usefikile kwaManamuza.

"Mamo," sekukhuza uManamuza endlini, "Kanti uluhlanya ngempela yini nina kaDumezweni? Waphoxa umkhwenyana? Uyazi uma engena lapha mina ngiyosuke ngikhombe wena?"

"He! He! He!" kuhleka intombi kaMamunce. "Bayakusho bo. Bathi kawucushwa ngenkomo, ungadayisa ngomuzi wakho uke wanunuselwa ngenkomo! Pho usungadayisa nangami yise kaDumezweni?"

Abone uManamuza ukuthi uma andisa amazwi kuzomonakalela; abese ethula. Aphinde uZulumacansi esangweni athi: "Ngikhulekile baba! Ngisalokhu ngikhonzile njalo nje kuwe." Leli lingene kahle kakhulu kuManamuza abese ephuma endlini. Babingelelane ngomusa baze bayongenisana endlini enkulu bexoxa, kungumkhwenyana nobaba njalo nje. Kulandele intombi kaMemunce. Athi lapho eyibona ingena uZulumacansi, akhumbule mhla ifika emzini wakhe enamadoda, ithi imusa emthethweni. Angenelwe ukwesaba acabange ukuthi hleze imehle ngaphezulu nanamuhla ngoba kayimfuni.

Ingene kahle, idonse isikhumba, bese ihlala kahle kusona, lokhu uManamuza noZulumacansi baqhwakele ezihlalweni zesilungu. Simbingelele, avume bese sithi: "Hhawu wasihlasela ekuseni kangaka?" Ambandaze, ambandaze uZulumacansi angaze aphuma ngazwi elibhekile. Agcine ngakho ukungundaza njalo. Bese iphendula intombi kaMemunce ithi: "Hhayi-ke, siyezwa fana." Kuthi kungakabiphi bese siphuma.

Baqhubeke baxoxe noManamuza. "Pho-ke mkhwenyana, njengoba kanihlalisene kahle nentombazane, kawuyukubuye ungihluphe ngezinkomo uma ningezwani? Ngabe kuhle ukuba uze namadoda; noma ukube ungitshelile ukuthi angibize amadoda azongilalelisisa."

"Sekukwethu lapha ekhaya baba. Indaba engenwa ngabantu abaningi uba kuthiwa kufunwa ofakazi kayilungi. Ngakha umuzi wami mina. Ngisize ngiwakhe wena. Nomntanakho kuyomlungela."



"Awu, mntakaBhekokwakhe, lokhu ngihlushwa yilelikhanjana eliluhlaza likaBajwayele. Besizihlalele kahle kabi nawe. Mina kangixabene ngalutho nawe. Wangilobolela kahle, kwaba yimina engithi kazisale ezinye, nalezo namuhla usuzilethile. Ngavele ngasho mina ngathi uyindoda wena. Pho-ke, mntakaBhekokwakhe, izingane zamanje sezingoKhanda-limtshela-okwalo. Ngisho nonina imbala sebengabanye nje abantu. Umkakho usuthi umtshela umthetho wakho, akutshele ukuthi yena akadayisi ngengane yakhe. Yimihlola engihleli phezu kwayo lena lapha ekhaya."

"Uyabona baba, umzukulu kaDungizwe uma eseyikhulumile into akabuyi ayiphike. Zithathe wena lezizinkomo. Akuseyena umkani lona sekungumfazi wawobabamkhulu. Yibona abazomgoba ahlale ekhaya, abakhele umuzi. Sengihambe kakhulu ezinyangeni. Ngeke zehluleke zonke. Izinkomo lezi ngingeke ngizithathe noma sekunjani. Bayovuka bame ngezinyawo obabamkhulu ngaphambi kokuba ngizithathe."

"Kangazi-ke mkhwenyana. Uma usho njalo, nawe uyindoda. Mina ngiyabonga uma ubufeza kanjena ubudoda bakho. Umkakho ungamthatha nihambe naye. Akusesiye umntanami; sekungumkakho."

Wayenele wangena endlini uZulumacansi, uBajwayele wase ethatha isitsha samanzi wabanga emfuleni. Uhlezi noManamuza laphaya endlini uZulumacansi inhliziyo kayisekho; isisemthonjeni. Anele athi uManamuza uZulumacansi angamthatha abese esuka uZulumacansi ebanga ngakhona lapho kukhiwa khona amanzi.

Anele aphume esangweni uZulumacansi, athathele ngejubane eya emfuleni. Athathele kuze kusuke izintudlana emva kwakhe. Kanti ugijima nje imi iyambuka intombi kaMemunce. Bathe beyizwa yayisho ihleka ithi:

''Hho! Ngolunye loluyathando! Ake uzobona phela wekaMdanyana!''

Eze okaMdanyana, umkaDumezweni, baklele nonina nezinye izintombi zakwakhe bebukela uZulumacansi elibhekise emfuleni ngejubane. Kukhona noBongiwe khona lapha. Anele uBongiwe abone uZulumacansi entazabula kangaka, abese ecabanga ukuthi namuhla lomuntu owashaya uyisemkhulu nguyena owehluliwe.

''Mkhuyu! Mkhuyu!'' sekumemeza ingane, ''Wabayeka umuntu omubi. Umshayile wena? Hho! Umkhuyu unolaka kabi. Umuhle wena mkhuyu wami. Wamshaya wamuthi bhu, bhu, bhu, umuntu wakhala wathi Hi! Hi! Hi! Uya kumama wakhe awuboni egijima?'' Baze bahleke nalaba abemi nengane beyibona igoqana ize ibe yisigaxa ilingise uZulumacansi ebhulwa nguyisemkhulu; ibuye imlingise esekhala; lowayamuntu ethi yona mubi ngoba yambona efuna ukushaya uninakhulu, yazibonela mathupha eshaya uyisemkhulu emkhipha esilulwini. Konke lokhu yalokhu ikubekile enhliziyweni ingane.

Uyasithela emfuleni uZulumacansi uzithela kuBajwayele esebuya. Anele ayibone intombi kaManamuza ezwe eyithanda kabusha. Akhohlwe ukuthi uzoqala athini. Afike ake eme nje phambi kukaBajwayele. Kuthi ngelikade uBajwayele athi: ''Ake ungethule.'' Awudumele yedwa uZulumacansi umgqomo aye awubeke kahle phansi. Ithi cosololo inhliziyo ebona enikwe ithuba lokuba ake enze intwana encane eyenzela uBajwayele. Aqale athi: ''Kangisakwazi Bajwayele. Wabuya usumuhle kangaka eGoli, ubudlani?''

"Kudliwa konke okumnandi eGoli. Kodwa akwehlukile kunalokho nawe owabe ukudla eThekwini."

Kwale ukuba azibambe uZulumacansi. ''Kodwa,



mntakaManamuza, uze usale usungibulala kangaka, yini lena embi engaxolelwa engikwenze yona? Sengize ngacishe ngaphenduka uhlanyana ngawe wedwa nje vo.''

''Kawubulawa yimi Zulumacansi.''

''Ubani pho lomuntu omubi kangaka?''

''Uzibulala wena.''

''Ngakuphi?''

''Kangazi ukuthi ufuna ngikutshele kanjani ukuthi ubucu kabuhlangani entanyeni. Okungenani sengikhethe ukuba ngizihlalele nje ngedwa. Ngike ngilinge nokuthambisa inhliziyo, phinde. Kangizenzisi kulokhu.''

''Sekuhambe kakhulu Bajwayele; kwaze kwafika lapho ngingasenakuphila ngaphandle kwakho. Uyazi ukuthi uma into eseyithandile umuntu okungcono angabhubhisa umhlaba wonke uma lokho kungamzuzisa yona. Uthando luyinto enqabile. Kwesinye isikhathi luyezwa, kwesinye kaluzwa. Lulukhuni, futhi lunozwela, luhamba ngendlela enhlanhlathayo. Nami lungiphethe kanjalo. Ngihlala ngihlale ngithi lonke lelifa enginalo lingangilahlekela liphele lithi nya, kuphela nje uma ngike ngazuza wena. Akukho okunye engikukhonzile ngaphandle kwakho. Nawe uyakwazi lokho.''

''Ngikwazi kamhlophe. Kodwa nawe futhi uyazi ukuthi uma ulokhu uphikelele ekuzisakazeni edwaleni, uyogcina uzibulale ngalokho. Impela indlela kangiyiboni Zulumacansi. Ukuze umoya wakho ukhululeke ngikhohlwe nje.''

''Ngikhohlwe umkami ngimthanda?''

"Wenza into embi ngokuba uthi ubaba akangilande eBenoni. Ukube wathula nje, inhliziyo yayizosheshe ikhohlwe, bese usizakala ngalokho."

"Inkomo yakhe umuntu uma ilahlekile uyayifuna aze ayithole."

"Asazi-ke mntakaBhekokwakhe."

Limcasule leli uZulumacansi; kuvuke ubuqha bakhe obudala, abuthe izinhlonzi.

"Ungibuthela izinhlonzi ngoba ucabanga ukwenzani weZulumacansi?"

Afudumale uZulumacansi; azibuthe ngamandla abese ethi: "Kangisiyo ingane yokudlala wena weBajwayele."

"Elokudlala alikaphumi kowami umlomo. Ungibuthela izinhlonzi ngoba uthi ngiyadlala? Uyazi Zulumacansi? Impi yezinhlonzi kade bayilwa yabehlula. Akukho lutho olungangithambisa manje. Inhliziyo ngeyami. Lowo nalowomuntu inhliziyo yakhe yinkosi yakhe. Neyami ngeyami. Konke okunye kungeze kwaba ngokwami; ngingeze ngenza lutho ngakho. Yinye vo into uNkulunkulu angipha yona wathi angisoze ngayephucwa muntu—inhliziyo yokuthanda lokho engikuthandayo, ngale lokho engikwalayo."

"Sengikhulumile noyihlo, ngamnika izinkomo zonke zakhe, ngaqeda ukulobola. Usungowami manje. Ungumkami. Ngiyakuthatha manje siye ekhaya."

"Awu, sekunjalo?"

"Woza wena sihambe."

"Yikho lokhu ebengikusho. Mhlawumbe ubaba unelungelo



ngokomthetho wakithi ukuba abenamandla phezu kwami. Nawe unawo amandla okungithatha ngenkani ungise emzini wakho. Abelungu banamandla okuba bangibophe uma ngingavumi ukuya kuwe. Angazi Zulumacansi. Nami ngiyafunisela nje. Kodwa engikwazi ngokungangabazi ukuthi akukho noyedwa onamandla okuba inhliziyo yami ayithandise lokho engakuthandi. Yiyona yodwa vo into engeyomuntu emhlabeni—inhliziyo yokuthanda. Eyami-ke ayikuthandi Zulumacansi."

"Uyashinga wena. Noyihlo uyasho uthi unekhanda elilukhuni. Ngena endleleni." Asho emdumela ngengalo, athi ukuhambahamba, akhuze uBajwayele: "Kahle phela ngishiye amanzi ekhaya. Sengizohamba nezimpahla zami ngingasazithathanga? Bazothini bona ekhaya?"

Baphindele emuva, uZulumacansi awufukule umgqomo awubeke ekhanda kuBajwayele. Bahambe baye bafike ekhaya. UBajwayele ahambe aye kunina.

"Mama, sengiyahamba, ngiya kuboZulumacansi."

"Kawuyi emzini wakho?"

"Cha."

"Wo, mntanami, uhamba indlela emnyama. Kodwa-ke hamba. Yindlela yomendo leyo."

Baphume esangweni oBajwayele noZulumacansi, uBongiwe ebalandela ehambe ebuza kudadewawoyise ukuthi uyaphi ehamba nalomuntu owashaya uyisemkhulu.

"Umbheke Anti, angakulimazi lomuntu!" Ahleke nje uBajwayele. Ithi uma ibona ukuthi uBajwayele akabuyi ingane, bese imyeka, ivalelise, ibuye ize ekhaya.